

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.



Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.

Kwathi kusihlwa nje ngelinye ilanga, kuzwakala ukufudumala kwehlobo, umqaphi we-zu wakhiyela amakheji azo zonke izilwane ngaphambi kokuba ashiye aye ekhaya lakhe.

"Nilale kahle, zilwane. Ngizobuya ekuseni," kusho yena esekhiyela ikheji lemfene.

"Ulale kahle nawe," kuphendula uMnu Mfene ngenkathi ezihosha ngokunakekela izikhiye ebhandeni lombheki we-zu.

"Ngikhathele kakhulu," kusho umqaphi we-zu. "Ngiyajabula nje ngoba sekuyisikhathi sokuya ekhaya. Sengilambe kabi, sengijahe kakhulu ukudla isidlo kwakusihlwa nomndeni wami."



Umqaphi we-zu wanele wahamba nje eseya ekhaya, uMnu Mfene waya emakhejini, esuka kwelinye aye kwelinye evula amasango akhona.


"Yebo, Nkk Mvubu," kusho yena, "Phuma lapha, sekuyisikhathi somcimbi."

"Sawubona Mnu Bhubesi," kusho imfene. "Phuma lapha, asiye emcimbini!"

Izilwane zaxokozela ngokujabula ngendaba yokushiya izu.

Zonke izimfene ezingamashumi amabili nantathu, zaba ngezokuqala ukweqa e-zu.Zeqa uthango lwe-zu zashona epaki.






Izinkawu zazijabule kakhulu lapho zithola itafula lilungiselwe umcimbi wosuku lokuzalwa ozoba ngakusasa. Izinkawu zakudla konke ukudla okwakulungiselwe umcimbi lowo.

Zadlala kunzungelezane nasemjikelweni.




Ngaso leso sikhathi nje unogada wepaki waphaphama ebuthongweni bakhe. Wamangala kakhulu lapho ebona izinkawu ezingamashumi amabili nantathu zidlala epaki. "Ngabe yiqiniso leli?" ezibuza.

Emuva ezu, uTessa ufudu wayehamba kancane eya esangweni lezu.

"Awu bakwethu!" UTessa ecabanga, "Ewu! Unzima lo msebenzi. Ngibona ukuthi kungcono ngihlale ezu ngiphumule."

Ufudu oluneminyaka eyi-100 lwalukhathele kakhulu lungasakwazi ukulandela ezinye izilwane.



UHilda, imvubu, wanquma ukuyishiya izu wazula wehla ngomgwaqo omkhulu.

Wamangala nje ukuzwa umsindo wezimoto emgwaqweni. Kwakungumsindo omkhulu kakhulu! Wavele wanquma ukulala ngasemthonjeni eduze kwehholo ledolobha, kodwa wayede evuka uma ezwa amahutha ezimoto nama-alamu ezimoto zezimo eziphuthumayo.



ULeo, ibhubesi, wayezula ezingela ehla ngomgwaqo. Wayehogela iphunga lokudla. Yini ayengayidla?

Walunguza esuphamakethe.

"Sizani! Sizani bo!" kumemeza abathengi.

"Sizani! Sizani bo!" kumemeza umenenja ocingweni.

"Kune bhubesi esitolo! Ngempela, yiqiniso!" kusho yena.



UFelix indlovu waba ngowokugcina Wanqamula idolobha ngezinyawo.

Kwathi esahamba emgwaqweni, uFelix wabona indlu isha. Wamunca amanzi esizibeni sokubhukuda wachela ngawo indlu. Ngokushesha umlilo wacisha.

"Wenze kahle Mnu Ndlovu!" kumemeza abacimimlilo.

"Hhule!" kuhalalisa izibukeli zijabule.

UFelix waqhubeka nohambo lwakhe enqamula idolobha ebheke emzini ongaphandle.

Wabona uNtebo ehamba esuka emfuleni. UNtebo wayezama ukuthwala ibhakede lamanzi.

"Alokhu echitheka nje amanzi," kusho uNtebo.

"Ungakhathazeki, ngizokusiza ukuba uwathwale amanzi," kusho uFelix.

Waphakamisa uNtebo wambeka emhlane wakhe, wamunca amanzi enele ukugcwalisa ithange lamanzi.






Ngaleso sikhathi uJeri, indlulamithi, wayezihambela nje eya emtatsheni wezincwadi. Walunguza ngewindi lebhasi.

"Qaphelani!" kumemeza umshayeli webhasi.




Akubanga sikhathi umqaphi we-zu nabasizi bakhe bonke base bephumile beyofuna izilwane. Amaphoyisa eza azobasiza.

Ezihamba phambili emaphephandabeni nezimemezelo emsakazweni zaxwayisa abantu ngebhubesi elalizulazula ezitolo.



Emva kwalokho zonke izilwane zanquma ukubuyela ezu.

"Akulula ukuthola ukudla edolobheni," kusho ibhubesi.

"Angikwazi ukulala kunomsindo ongaka wezimoto," kusho imvubu.

"Kufana nehlathi elisedolobheni," kusho indlovu.



"Bekumnandi khona emcimbini, kodwa sesikhathele, sifuna ukubuyela ekhaya," kusho izinkawu.

UMnu Mfene owayephethe izikhiye wavula isango ukuze izilwane zibuyele ezu.

"Oh sengiyazi manje ukuthi kwenzekeni ngezikhiye zami," kusho umqaphi we-zu.

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1

- Bheka izithombe.
- Tshela umngani wakho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye.
- Tshela umngani wakho ukuthi izithombe kumele zilandelane kanjani kusuka kwesokuqala kuya kwesokugcina.
- Xoxela umngani wakho kabusha le ndaba usebenzisa izithombe.
- Tshela umngani wakho ukuthi uyithandile yini le ndaba noma cha. Nikeza isizathu sempendulo yakho.







2 Lingisani le ndaba.







3 Qondanisa isifaniso nesilwane esifanele.





| | |
|---|---|
| Mude okwe- | ipigogo |
| Unenkani okwe- | izinyane lemvu |
| Uqhoshe okwe- | unwabu |
| Ulunge | isele |
| Unamandla | iqaqa |
| Unuka kabi okwe- | ingulube |
| Ukhuluphele okwe- | indlulamithi |
| Wenza kancane okwe- | ibhubesi |









4 Phendula le mibuzo ngomlomo wena nomngani wakho.

a. Sithini isihloko sale ndaba?
b. Ngobani abalingiswa abaqavile kule ndaba?
c. Yiziphi izilwane ezazithokozisa kakhulu?
d. Ucabanga ukuthi kwakuzokwenzekani ukuba izilwane azibuyelanga ezu?

Izinga lesi-2

# Incwadi yoku-1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Zeqa-ke izilwane |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-3 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-2 Incwadi yoku-1 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | umqaphi, bekumnandi, izu, zidlala, nje, okhiye |
| Ulwazimagama: | uthango, inzungelezane, emjikelweni, emthonjeni, ukugcwalisela, imfene |
| Imisindo: | dl, ngc, ngw, hlw |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uxoxa ngezithombe.<br>▪ Ulandelanisa izithombe.<br>▪ Uphinda axoxe le ndaba esebenzisa izithombe.<br>▪ Uveza imizwa yakhe ngale ndaba.<br>▪ Ulingisa le ndaba.<br>▪ Uqedela izifaniso.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uphinda adwebe aqedele ibalazwe lomqondo ngale ndaba.<br>▪ Ubhala indaba ngamazwi akhe ibe yimisho eyi-6-18. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2549-2
9 781431 525492

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2549-2

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-3 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- Unogwaja uqinela impungushe
- Isigameko sasolwandle
- Kumnandi ekhishini
- Idayari yabantwana abakhonondayo

### Izinga lesi-2

- Zeqa-ke izilwane
- UThandi unosuku olubi
- Impelasonto ekhumbulekayo

### Izinga lesi-3

- Kunenunu ekhabetheni lami
- Kulahleke amakhekhe asankomishi
- Kuyamangaza yize kuyiqiniso